UKUKALA UBUDE BENGANE

**Igama lomfundi:** **Inombolo yomfundi:**

**Usuku:**

Izinsiza ezidingekayo: Isikalibude esisodongeni.

Qaphela: Qinisekisa ukuthi ibhodi lobude likuleveli ephansi.
Bheka ukuthi izicathulo, amasokisi kanye nokufakwe ezinweleni kususiwe
Inhloso: ukuthola ukuthi ngabe ingane ikhula kangakanani,
**Lolu hlelo ludinga ukuba usebenzisane nomama bese uguqa ukuze ufinyelele elevelini yengane:**

| **Uhlelo** | **Kwenziwe** | **Akwenzi wanga** |
|---|---|---|
| 1. Bingelela bese uzethula kumama kanye nasenganeni | | |
| 2. Chaza yonke inqubo | | |
| 3. Cela imvume (ngomlomo) yokukala ingane | | |
| 4. Hlanza izandla zakho ngesibulalimagciwane esine-alkhoholi | | |
| 5. Siza ingane ukuba ime ebhodini eliyisisekelo bese iqhelelanisa izinyawo. Ingemuva lekhanda, amachopho amahlombe, izinqe, amankonyane kanye nezithende kumele kuthinte ibhodi eliqondile. Lokhu kuqondisa kungahle kungenzeki enganeni ekhuluphele, uma kuba njalo siza ingane ukuba ime kube khona okukodwa noma okuningi kwalokhu okumele kuthinte ibhodi, kulithinte. Kumele isiqu sibhalanse enhla nokhalo okungukuthi singagobeli emuva noma phambili. | | |
| 6. Cela umama ukuba abambe amadolo engane namaqakala ukuze imilenze iqonde bese izinyawo nazo ziqonde ukuze izithende nezinkonyane zithinte ibhodi. Mcele ukuba enze ingane igxile kulokhu okwenziwayo, ayithinte kahle uma kudingeka bese ekwazisa uma ingane inyakaza kule ndawo emiswe kuyo. | | |
| 7. Beka ikhanda lengane ukuze umugqa oqondile kusukela emgudwini wendlebe kuya emngceleni webhola leso kume kuqondane nebhodi eliyisisekelo. Ukugcina ikhanda limi kule ndawo, bamba umsaho phakathi kwesithupha nomunwe unkomba phezu kwesilevu sengane. | | |
| 8. Uma kufanele, cindezela kancane isisu ukulekelela ingane ukuba ime iqonde. | | |
| 9. Usalimise ngendlela ikhanda lengane, sebenzisa esinye isandla ukwehlisa ibhodi lekhanda ukuze lihlale kahle phezu kwekhanda bese kucindezeleka nezinwele. | | |
| 10. Funda umbhalo esikalini bese urekhoda ukuphakama kwengane ngokwamasentimitha ekhadini lengane | | |
| 11. Khumbula: Uma le ngane obukala ukuphakama kwayo ineminyaka engaphansi kwemibili, yengeza u 0.7 cm ekuphakameni kwayo bese urekhoda | | |
| 12. Yazisa umzali wengane ngomphumela wokukalwa kwengane | | |
| 13. Humusha lokho kukalwa kwengane | | |
| 14. Bonga kulowo olethe ingane bese umchazela ukuthi usukuqedile lokho obukwenza | | |
| 15. Hlanza izandla zakho ngesibulalimagciwane esine-alkhoholi | | |

**Kwenziwe kahle** **Akwenziwanga kahle**

